**IMIYALELO**

Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

1. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
7. Qaphela upelomagama Kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-45 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-55 |

ezingi, kusuka kubantu abahlukene eseke waxoxisana nabo ezindlini zokusakaza kuya ezindaweni asezihambele ngokomsebenzi. Uma umbona ethula uhlelo lwakhe ekuseni, umane ubone ukuthi wadalelwa wona lo msebenzi. Uyavuma ukuthi usebenze kanzima nangokuzimisela ukuze afike kuleli zinga akulo, futhi usafuna ukuqhubekela phambili. Ucabanga ukuthi usethuthuke (developed) kakhulu ngokomsebenzi. Uthi noma ngubani osenze umsebenzi isikhathi eside kuyazenzakalela ukuthi athuthuke kulokhu akwenzayo. Indlela axoxisana ngayo nabantu uma ebabuza imibuzo isishintshile. Usenolwazi oluningi futhi akasesabi. Isipiliyoni unaso impela kunakuqala.

Ngaso sonke isikhathi uma ekhuluma ngomsebenzi wakhe akakwazi ukungaluphathi udaba olubuhlungu lukazakwabo ongasekho emhlabeni uVuyo Mbuli. UVuyo **wadlula emhlabeni** ngokukhulu ukuzuma ngonyaka odlule. Kuyinto enzima kakhulu ukwamukela ukushiywa umuntu okade usebenza naye zonke izinsuku, esefana nomfowenu. Abantu uma bebona yena ungathi bazobona noVuyo. Kunzima kuyena ngoba akakwazi ukusishintsha nokusibalekela lesi simo. Izeluleko azitholayo kubantu ezithi umsebenzi awuqhubeke yizona **ezimqinisa idolo**. Ngalokho ubona kufanele manje athuthukise uLeanne, hhayi uLeanne noVuyo. Uthi bekunzima ukukwenza lokhu kepha manje kancane kancane kuyalunga. Ubonga abantu bonke abamsekelayo kulolu hlelo ngaso sonke isikhathi.

1.1.1 Mingaki iminyaka uLeanne eseyibenzile njengomethuli we-Morning Live? (1)

1.1.2 Yethulwa kusiphi isiteshi sikamabonakude i-Morning Live? (1)

1.1.3 Yini le eyayingamjabulisi ngalo msebenzi ngesikhathi esaqala ukuwenza? (2)

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Ukuzinza kusho:

A Ukuzila uma kushoniwe.

B Ukusebenza kanzima.

C Ukusebenza isikhathi eside. (1)

1.1.5 Kungani uLeanne wayevuka ngehora lesi-3 ekuseni? (2)

1.1.6 Bhala izinto EZIMBILI ezazenza umndeni kaLeanne ungawuthandi umsebenzi awenzayo? (2)

1.1.7 Tomula umusho ositshela ukuthi umsebenzi kaLeanne usunguyena uqobo. (2)

1.1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

1.1.8. 1 wadlula emhlabeni. (2)

1.1.8.2 ezimqinisa idolo. (2)

1.19 Yimuphi umsebenzi owawenziwa uVuyo Mbuli? (1)

1.110 Kungabe iqiniso noma umbono ukuthi uLeanne kwamphazamisa ukudlula emhlabeni kukaVuyo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.111 Chaza ukuthi lolu hlelo lwe-Morning Live lubasiza kanjani ababukeli. (2)

1.2 Bukisisa le sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.




www.internetpics.com

2.1.1 Wenzani uMdu? (1)

2.1.2 Yini i-Women's Day? (2)

2.1.3 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa uMaMkhize ngalolu suku. (2)

2.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Ubuso bukaMaMkhize bukhombisa:

A ukujabula

B ukumangala

C ukukhala (1)

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esixoxa ngeqhaza labesifazane bese ubhala amaphuzu ayi-7 ozowasebenzisa endabeni yakho oyifingqile.

**IMIYALELO:**

1. Bhala amaphuzu ayi- 7 ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwangama- 50 kuya kwangama- 60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela ku- 1 kuya ku- 7.
3. Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
4. Sebenzisa amagama akho emishweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**Iqhaza Labesifazane Emiphakathini**

Abesifazane bayahlonishwa ngegalelo labo emiphakathini. Babambe iqhaza (role) elikhulu emikhakheni eyahlukene. Kuqala umuntu wesifazane ubengumuntu onganakiwe, odelelekile ongenamandla. Bekuthiwa indawo yakhe isekhishini. Sebethole ukuhlonishwa ezweni lonke ngemisebenzi emihle abayenzayo emphakathini.

Amakhaya amaningi amile ngenxa yabesifazane. Ukusebenza ezindaweni ezikude kwabesilisa kugcina kushiye imisebenzi ezandleni zamakhosikazi abo. Amanye amadoda awabe esabuya emakhaya. Lokhu kugcina sekungumsebenzi kamama ukukhulisa izingane eyedwa. Bavuka ekuseni bayosebenza ukuze izingane zithole ukudla nakho konke okuyizidingo zabo. Bawa bevuka nezingane zabo.

Emabandleni yibona abasebenza kakhulu. Ufika esontweni kugcwele abesifazane abesilisa bembalwa. Igalelo labesifazane belinganakwa emasontweni amaningi. Bengavunyelwe ukushumayela. Kuthiwa owesifazane akayimeli indoda. Kunabesifazane abasezinhlelweni eziningi ezikhuthaza abantu ngokwenkolo. Kungekudala sebezonikwa izikhundla zokuba abaBhishobhi.

Emphakathini baneqhaza abalibambayo nezikhundla ezifana nezobuKhansela, ubuMeya, ukukhulumela imiphakathi, ukuthuthukisa abantu abasha, nokunye. Bahlanganyela nabesilisa emakomitini. Ephalamende nakhona isibalo sabo

3.1 Yini ekhangiswa kulesi sikhangisi? (1)

3.2 Bhala OKUBILI okunikwa izincwadi zakwaSiyafunda Publishers. (2)

3.3 Izincwadi zakwaSiyafunda zilungele abantu abangakanani ? (1)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Ukuphumelela ngamalengiso kusho;

A Ukuphasa kakhulu

B Ukuzilengisa

C Ukufeyila (1)

3.5 Tomula/ khipha umusho onolimi olukhohlisayo otholakala kulesi sikhangisi? (1)

3.6 Kungani amanye amagama ebhalwe aba mancane kakhulu kunamanye? (2)


3.7 Kungabe lo musho olandelayo umbono noma iqiniso? Sekela impendulo yakho.

Abakwa siyafunda bazokusiza ukufeza iphupho lakho ube nekusasa eliqhakazile. (2)

**[10]**

## UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.




*Sicashunwe ku-IsiZulu Soqobo ibanga lesi-8*

4.1 Bakhuluma ngani laba abasesithombeni? (1)

4.2 Bhala izinto EZIMBILI ezahlukene zokuthutha umphakathi ezivezwe esithombeni esingenhla? (2)

4.3 Yini ezokwenza ukuthi isiteleka siphele? (2)

4.4 Khetha impendula efanele kulezi ozinikiwe.

Abantu abakuthandi ukugibela isitimela ngoba:

A sihamba kancane.

B sehlisana kude nasemsebenzini

C siyabiza kakhulu (1)

4.5 Kubaluleke ngani ukuba khona kwentatheli uma kunesiteleka? (2)

4.6 Yini embi abantu abajwayele ukuyenza uma kunesiteleka? Bhala OKUBILI. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

**5.1** Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ngonyaka we-1956 mhla ziyi-9 Agasti (kuNcwaba) abesifazane base Ningizimu Afrika bamashela e-Union Building ePitoli. Babemashela ukulwa nomthetho wokuthi abantu abaMnyama baphathe amapasi.

Namhlanje lolu suku selwenziwa iholidi ukuhlonipha abantu besifazane. Leli holidi libizwa ngokuthi; "Usuku Lwabesifazane." Lugujwa yonke iminyaka.

Ngaleli **langa** kuba nezinhlelo (programmes) eziningi ezenzelwa abantu besifazane. Ezinye zalezi zinhlelo zihlelwa uHulumeni. UHulumeni uthi; "Lokhu ngikwenzela ukubonga abesifazane." Kuba nezikhulumi ezindaweni ezahlukene. Kusuke kugcizelelwa ukubaluleka kwabantu besifazane ngegalelo (input) labo.

Abanye besifazane lolu suku balugubha ngezindlela ezihlukene. Bahamba nabangane babo bayozijabulisa ngokudla ezindaweni eziphambili. Abanye bakhishwa imindeni yabo. Basuke bengamakhosi ngalolu suku.

Isiqubulo salolu suku sithi; '**WATHINTA ABAFAZI, WATHINTA IMBOKODO!**'

5.1.1 Bhala igama elimqondophika (opposite) nalelo elibhalwe ngokugqamile emshweni ongenzansi.

Namhlanje lolu suku selwenziwa iholidi **ukuhlonipha** abantu besifazane. (1)

5.1.2 Guqula leli gama elibhalwe ngokuqgamile likhombe ubulili besifazane bese uzakhela ngalo owakho umusho.

Basuke **bengamakhosi** ngalolu suku. (2)

5.1.3 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Ngokusesiqeshini igama elithi "*khishwa*" lisho:

A Ukuxoshwa

B Ukuvakashiswa

C Ukumashiswa (1)

5.1.5 Sebenzisa la mabizo alandelayo emshweni ozakhele wona ukuze aveze umqondo ohlukile kunalo osesiqeshini.

5.1.5.1 imbokodo (2)

5.1.5.2 ilanga (2)

5.1.6 Bhala lo musho olandelayo ube ubunye/sebunyeni:

Abanye besifazane lolu suku balugubha ngezindlela ezihlukene. (2)

5.1.7 Guqula lo musho olandelayo ube inkulumo-mbiko (indirect speech):

UHulumeni uthi; " Lokhu ngikwenzela ukubonga abesifazane." (2)

5.1.8 Bhala lo musho ube inkathi yamanje eqhubekayo:

Bahamba nabangane babo. (1)

**5.2** Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



5.2.1 Yimuphi umuzwa ovuswa yila mazwi alandelayo:

Ngiyabonga koKhabazela! Mavovo! (1)

5.2.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Ukubizwa ngamaganyana kusho:

A ukujabula

B ukuthandwa

C ukuthukwa (1)

5.2.3 Khipha umusho ositshela ukuthi umama osesithombeni uyaqala ukuthola umntwana. (2)

5.2.4 Ngokucabanga kwakho umama ugone/uphethe ingane yomfana noma yentombazane? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**